



## UGUQUKO EKUFAKENI UMANYOLO NGOKUSEBENZISA ITHINI / IKOPI NENTAMBO

**NGU:** Bongani Phewa,  
umeluleki wezomoba, SASRI

**U**kufaka umanyolo ngokusebenzisa ithini noma ikopi nentambo kungenye yezindlela esetshenziswa kakhulu abalimi ab-alima ngokuncane ngoba ilula futhi ishibhile.

Ukuze lendlela ihambisane nesikhathi, sekunoguquko kuhlobo lwekopi noma lwethini elisetshenziswayo uma kufaka umanyolo ensimini. Ngendlela endala, uma kulandelwa lendlela yokufaka umanyolo, kusetshenziswa ikopi noma ithini lamafutha noma lika oyela wezimoto (500ml oil tin) ebelitholakala emagaraji kaphethilomu.

Ngokoguquko oselukhona, manje sekusetshenziswa **ikopi noma ithini lika fishi noma lenhlanzi** (fish tin) elikhulu esikhundleni sethini lamafutha emoto.

### Ingabe yini eholele kuloluguquko

Zimbili Izizathu eziholele kuloluguko, okuyilezi ezilandelayo;

Ikopi lamafutha ezimoto into etholakala kalula, kudinga umlimi aze aye egalaji likaphethilomu ukuze athole

lilikopi kanti ikopi lenhlanzi noma lika fishi litholakala kalula njengoba sazi ufishi noma inhlanzi esethinini into vele edli-wayo emakhaya ethu. Ngaleyondlela, likopli litholakala kalula futhi likhona kunanoma iliphi ikhaya.

Ikopi lamafutha ezimoto vele nje seli-yaqedwa emagalaji kaphethilomu njengoba sebeqale ukusebenzisa izigujana zepulasitiki, ngaleyondlela kuyaphoqa vele ukuthi kube nolunye uhlobo lwekopi olusetshenziswayo endaweni yaleli lamafutha ezimoto.

### Ukuphi Umehluko ekusebenziseni lama-kopi

Umehluko ekusebenziseni lamakopi **uk-wibanga lokufaka umanyolo ogcwele ikopi**, isibonelo;

Uma izincomo bezithi faka i **5:1:5** amasaka ayishumi (**10**) nge-**Hektare** ensimini enamabhanga anobubanzi obuyigxathi elilodwa (**1m**);

Ngokwe**kopi lamafutha ezimoto**, ubungafaka ikopi eligcwele ku **8.8 m** kanti,

Ngokwe**kopi lika fishi**/lenhlanzi, ubungafaka ikopi eligcwele ku **8m**

Loku kusho ukuthi, ngenxa yobuncane bomthamo wekopi lenhlanzi uma uliqha-

thanisa nelamafutha ezimoto, lincane noma lifushane ibanga/ubude ofaka

kulo ikopi eligcwele umanyolo lika fishi kunalelo lamafutha ezimoto.

**Uma usebenzisa ikopi lenhlanzi, ulandela ishadi elifakwe kuleli phephabhuku**

Uma usangalithola ikopi lamafutha ezimoto, usangakwazi ukuqhubeka noku-lisebenzisa ngoba ishadi elihambisana nalo lisekhona.

Qikelela ukuthi usebenzisa ishadi eli-qondene nekopi lelo ozolisebenzisa uk-ufaka umanyolo futhi sisebenzisa ikopi lenhlanzi elikhulu kuphela hayi elincane. Singasebenzisa ikopi elananoma iyiphi inhlobo kafishi ngoba onke anomthamo olinganayo.

Uyexwayiswake ukuthi ungalokothi usebenzise olunye uhlobo lwekopi njen-gelikabhontshisi ngoba alilingani nelika fishi ngoba uma ulisebenzisa kungaholela ekutheni umanyolo ungafakeki ngokuyiko ensimini yakho bese kuba nemithelela engemihle esivunweni sakho.

Ukulekelela ukufundisa abalimi ukufaka umanyolo ngokusebenzisa lelikopi lika fishi noma lenhlanzi kanye nelamafutha emoto, u SASRI usekhiphe isithombé-bhanyabanya (Video) esikhombisa ukufakwa kukamanyolo ensimini ngokusebenzisa lama kop.

## ISIBONELO SOMOBA SASENDLAVALENI

Kwisibonelo saseNdavaleni esatshalwa ngo 2008, esibuye sisetshenziswe njenge nkulisa-mbewu edayiselwa abalimi bendawo, sikhomba ukuthi sense inzuzo enhle noma engcono ngokudayisa imbewu uma uqhathanisa nenzuzo ebingatholakala ngokuhambisa umoba esigayweni. Lokhu kungenxa yokuthi ngenkathi kutshalwa lesibonelo, kwaba noxhaso olwasiza noma olwalekelela ekuthengeni umanyolo, ukuthatha isampula lomhlabathi, ukulima nokuthenga imbewu. Loluxhaso Iwaqhamuka kulezinkampani ezilandelayo :- SASRI, umnyango weZolimo (DAEARD) nesigayo somoba iJagbhani (ILLOVO MILL). Ngenxa yokubaphansi kwezindleko zokutshala lesibonelo okwensiwe uxhaso, ekugcineni umnikazi wesibonelo wathola inzuzo eyeqile noma eyengeziwe elinganiselwa kwi R4 573,63 uma uqhathanisa neleyonzuzo ebingatholakala ngomoba oyiswe emshinini noma esigayweni obutshalwe ngendlela eyejway-elekile ngaphandle koxhaso.

Bona umehluko kwizindleko nakwinzuzo kulelithebulu elilandelayo

	Uma kuyimbewu	Uma kuwumoba ozoya esigayweni
Izindleko zokutshala	R 2547, 14	R 29 594, 11
Imali etholakele	R 37750, 00	R 60223, 34
Inzuzo	R 35202, 86	R 30629, 23

Umehluko phakathi kokudayisa imbewu nomoba oyiswe esigayweni **R4 573,63**



# UKUSETSHENZISWA KUKA KALIKA



**NGU:** Bongani Phewa, umeluleki wezo-moba, SASRI

**U**KALIKA, okungu Lime, obuye waziwe ngomcako-wabali, ungesinye sezithako noma izinongo zomhlabathi esibaluleke kakhulu ekukhiq-izweni komoba nakunoma yiziphike nje ezinye izitshalo. Abalimi abalima ngokuncane abajwayele ukusisebenzisa lesinongo somhlabathi kanti kwezinye Izindawo abasisebenzisi nhlobo noma ngabe besinconyiwe loku okube sekuholela emkhiqizweni ongemuhle futhi ophansi kunalowo obungatholakala.

## Ingabe yini umsebenzi ka kalika noma wenzani emhlabathini?

Ezindaweni ezinezimvula eziningi njengasezindaweni eziyinkangala, amanzi amasingi angena emhlabathini agugule imisoco noma izithako ezithile ezisemhlabathini okube sekuholela ekutheni inhlabathi ingcine isinobumuncu noma nobuthi obuthile.

Uma inhlabathi isinalobumuncu noma nobuthi, yenza imisoco ethile ingabe isaba sesimweni sokuthi imuncwe izimpande zesitshalo sakho noma kuvuvukale izimpande zesitshalo zingabe zisakwazi ukwenza umsebenzi wazo ngokugculisayo okuwukumunca umswakamo kanjalo nomsoco emhlabathini ukuze phela kusimame isitshalo sakho.

Umcako wabalimi isinongo esisiza kakhulu ekulungiseni isimo somhlabathi ukuze ulungele ukukhulisa kahle isitshalo sakho. Ukuze umlimi azi ngokuthi sikhona yini isidindo sokufaka ukalika ensimini yakhe noma cha, **kumele athathe isampula lomhlabathi** alithumele kwa-SASRI e Mandaskomu.

Izinhlobo zomhlabathi ezivamise ukudinga ukalika yilezo ezbomvu, eziphu, ezinsundu ngokombala kanye neziyihlabathi. Ezinye izimpawu eziyinkomba yobumunca bomhlabathi, ukumila kuka hlanza-fukwe. Noma unalezhinlubo zomhlabathi esithi ziye zidinge ukalika futhi kunohlanza-ukwe omile ensimini yakho, angeke bese uvele ufake u kalika ngoba ngeke wazi futhi awunakuqagela ukuthi u kalika ongakanani nanhloboni okumele uwufake kuleyonisu.

## Ufakwa kanjani futhi nini u kalika?

Uma kunconyiwe ukuthi ufake u kalika, kumele uqikeyele ukuthi uwufaka ngendlela okuyiso nangesikhathi okuyiso ukuze phela wenze umsebenzi owufakela wona ngokugculisayo.

Qaphela – izindlela zokufaka u kalika azifani etshalweni nasehlumeleni njengoba kuchaziwe ngezansi, landela noma sebenzisa leyondlela ehambisana nale-sosigaba.

## Etshalweni

Ukfaka u kalika ngaphambi kokuba utshale ikona okunconya kakhulu futhi okulula. Uma ufakwe ngalesigaba/sikhathi futhi ufakwe kahle, kungathatha iminyaka eminingana impela ngaphambi kokuba kube nesidindo sokuthi uphindwe ufakwe futhi.

Ukfaka u kalika ngaphambi kokutshala, kumele ugale ulime insimu yakho, loku ungakwenza nasebusika. Uma isilinyiwe, usungasakaza u kalika ngokusabalala nangokulinganayo lasekulinywe khona ngokusebenzisa isigubhu esidonswa ugandaganda noma izandla. Emva kokuwusakaza, usungasebenzisa i diskala / ihala ukuwuxubanisa noma ukuwuhlanganisa nenhlabathi ukuze uxubane noma uhlangu nayo. Uma usukwenzile loku, linda okungenani amasono ayisithupa ngaphambi kokuba utshale. Lokulinda kunikeya u kalika isikhathi esanele ukuthi ulungise isimo somhlabathi ukuze kuthi uqambe uyatshala umhlabathi wakho ususesimweni esilungele ukukhulisa isitshalo sakho kahle.

## Ehlumeleni

Sakaza u kalika ensimini yakho, ngesandla noma ngesigubhu esidonswa ugandaganda uma usuyihlahlile okungenani masekusondele isikhathi sezimvula ngoba u kalika udinga ukuncibiliswa imvula noma amanzi ukuze wehle ungene emhlabathini bese wenza umsebenzi wavo. Kuyancomeka futhi ukuthi uma usuwusakazile u kalika ensimini yakho, ube nendlela yokuwuhlanganisa noma ukuwuxubanisa nenhlabathi ukuze usebenze kahle. Ungasebenzisa igeja lesandla (ikhuba), isikolofela, nokunye ukuxubanisa u kalika nomhlabathi ensimini. Ungasebenzisi ithu-



lizi elingalimaza izixhanti uma uxubanisa u kalika nomhlabathi ensimini.

Ukfaka u kalika ngaphansi kohlelo lokutshala ungalimanga (minimum tillage), kuyafana nasekuwufakeni ehlumeleni kodwa ezindaweni ezitshekile, awukwazi ukusebenzisa amathuluzi adonswa ugandaganda njengezikolofela. Uma unawo amathuluzi adonswa izinkabi noma izimbongo, njengezinye izikolofela, ungawasebenzisa ukuxubanisa noma ukuhlanganisa u kalika nomhlabathi kulezindawo, ngale kwaloko ungasebenzisa ikhuba kuphela. Qikelela futhi ukuthi kulezindawo ezitshekile awuwuphazamisi kahulu umhlabathi ngokwenza loku ngoba kungaholela ekugugulekeni kalula kwavo.

*“Uma uzofaka umanyolo onomsoco obizwa nge “Phosphorus”, dlulisa amasono ambalwa emva kokufaka u kalika ensimini*

bese kuyima uwufaka lovo manyolo. Uma ufaka lomanyolo ngokushesha emva kokufaka u kalika, kwenza lomsoco ube sesimweni sokuthi isitshalo singakwazi ukuwumunca ngaleyondlela kuphazamiseke ukukhula kwesitshalo sakho”.

Qikelela ukuthi ufaka isikalalo okuyiso esinconyiwe sika kalika, unga faki ngaphansi futhi ungeqisi. Uma weqisa esikalweni esinconyiwe kungenza ukuthi eminye imisoco ekhona emhlabathini edingwa isitshalo ibe sesimweni sokuthi ingakwazi ukumuncwa isitshalo. Uma uzotshala u-N12, enza isiqiniseko sokuthi uyabhala esampuleni lomhlabathi wakho ngoba loluhlobo lomoba luyakwazi ukubekezelela ubumuncu benhlabathi kunezinye izinhlobo zomoba, ngaleyondlela izincomo zika kalika kulenhlobo zingahluka. Uma ufaka u kalika ngokweqile la utshale noma uzotshala khona u N12, kuholela ekulahlekeni kwesivuno okukhulu.

Uma usuwatshala ungalithathanga isampula lomhlabathi, ungalithatha nje uma uqeda ukuhlahla bese ulithumela kwa-SASRI. Uma imiphumela yesampula lakho ithi isidindo sika kalika sikhona, umlimi kumele enze ngakokonke okusemandleni ukuthi uyawufaka u kalika futhi afake lovo onconyiwe kanjalo nobungako bawo obunconyiwe ngoba, ukungawufaki kungaholela ekulahlekeni kwesivuno okukhulu, ukumoseka kukamanyolo nemali nokuphazamiseka kokusebenza kwezilokazana eisemhlabathini.



## USIZO KUBAFUNDI

Ngomhlaka 28 no 29 kuNtulikazi (July) uSASRI ebambisene no Bass Entertainment bazobe benohlelo lokusiza abafundi ekukhetheni ngendlela okuyizo izifundo zemfundo ephakeme emkhakheni wezeSayensi nezolimo. Lomcimbi uyobe ubanjelwe eDurban City Hall kusukela ekuseni kuze kuge ntambama. Sizobe sinezhulumi emkhakheni wezeSayensi ekusizeni abafundi ngezifundo abangazikhetha ekubeni nenxaxheba kwezeSayensi. Bazophinde babaluleke ngokubaluleka kokungena emkhakheni weZolimo okuyimikhakha edinga abafundi eMzansi Africa. Abafundi bazophinde bathole nangosizo lwezemfundo emkhakheni yezoSosayensi neZolimo ekhishwa imboni kaShukela.

Ngakhoe siyabanxenxa abafundi ukuba baphumelele ngobuningi babo bazozizwela ngokwabo kusukela ngo 9am - 3.00pm.



# AMASU ASEM QOKA

Ngu: Bongani Phewa, umeluleki wezomoba, SASRI

Kusuka ku Nhlabo/May kuya ku Ncwaba/August 2011.

Ngo-Nhlabo / May

- Qala ukuthatha amasampula omhlabathi wakho.** Lesi isikhathi esifanele sokuthi ugale ukuthatha amasampula omhlabathi emasimini osuwahlahlile nakulawo ozowatshala entwasa-hlobo ukuze wazi ukuthi iluphi uhlobo luka manyolo ozolusebenzia kanjalo nesibalo samasaka alolohlobo oluncoyiwe. Khumbula ukuthi uma sithatha isampula sisebenzia insimbi esampondo-zebhayisikili kuphela nokuthi kukubiza imali engango R121 ngesampula ngalinye elikunika izincomo zama sizini amathathu. Khumbula futhi ukuthi sekuanjwa ngokugwinciza (zig-zag) ensimini uma kuthathwa isampula nokuthi sekusetshenziswa ibhokisi ukufaka isampula lakho, hayi isaka.



- Ingabe uyayihlonipha imithetho nemigomo emayelana nokushiswa komoba?** Njengoba sekualife ukuhlahlwa kwezimoba, hlonipha futhi ulandele imithetho ebekiye yokushiswa kwezimoba ukuze ukushisa kwakho kube okuphephile kungadali umonakalo ongadingekile. Eminye yalemithetho nemigomo ibalula ukuthi umoba, lakuphoqelekile ukuthi ushiswe khona, mawushiswe ekuseni kusanamazolo. Khumbula futhi ukuthi ukushiswa komoba asikukhuthazi kodwa sikhuthaza ukuthi uphundlw (trashing) noma ukuhlahlwa komoba uyswe esigayweni ungashiwanga njengoba loku kunobuhle obuningi obuzuzisa umlimi njengokucindezela ukhula, ukunqanda ukulahleka komswakamo kanjalo nokwakha imvundela ensimini.

- Enza izinhlelo zembewu ozoyidingela ukuthala ngesikhathi sokutshala.** Kubalulekile ukusebenzia imbewu eseizingeni eliphezulu uma utshala futhi kuyazuzisa, loku ungakuqinisekisa ngokuthi uthenge imbewu kubakhiqizi bayo abasemthethweni ungathengi imbewu kunanoma ubani nje. Uma unamasimu ozowatshala ngesizini ezayo, faka i oda lembewu manje kubakhiqizi abasemthethweni ukuze bakukhiqizele yona kulesizini (2011) ukuze kuqambe kushaya isizini ezayo (2012) ibe isolungile.

- Qikelela ukuthi kuhlahlwa ngendlela.** Ukuhlahlwa komoba kuyisigaba esibaluleke kakhulu ekukhiqizweni komoba njengoba kuyilapho ukusebenza

kwakho njengomlimi nguholmula noma kulkonyeliswa khona. Uma ukuhlahlwa kungenziwanga ngendlela, konke ukuthi sebenza kanzima kwakho kuphenduka ize. Njengomlimi, iba khona ensimini uma kuhlahlwa ukuze uqinisekise ukuthi usonkontileka okuhlahlelayo wenza ngako. Qikelela loku okulandelayo uma kuhlahlwa ukuze uzuze ekugcineni:

- Umoba osushisiwe, akungapheli izinsuku ezintathu ungakangeni wonke esigayweni/emshinini
- Akushiswe indawo encane eyanele ukugawulwa iphele ngosuku – khumbula ukuthi umoba oshisiwe washiywa umile ulahlekelwa ushukela ngokushesha kunalowo oshiswe wagawulwa ngokushesha
- Umoba mawugawulewe maqondana nenhlabathi phansi kanti phezulu awungabi namathophisi amanangi
- Hlanza insimu yakho kahle emva kokuhlahlwa undlale amathophisi ungawashisi ngoba asiza ukulondoloza umswakamo acindezele nokhula.



Ngo-Nhlangulana / June

- Hlanza amabhande omlilo noma izivikela-mlilo (firebreaks).** Amabhande omlilo angahlanziwe angaholela ekusheni kwezimoba ebezingahlosiwe ukushiswa futhi ebezingekho ohlelweni lokuhlahlwa okungaholela ekuphazamisekeni kohlelo lonke lokuhlahla nelokuthuthwa komoba. Njengoba kade kunezimvula eziningi, utshani bukhulu kanjalo nengozi yomlilo inkulu kulonyaka. Uma ubungakawenzi amabhande omlilo, usulibele, phuthuma uwenze. Khumbula ukwenza amabhande abanzi ngokwanele ukuze umlilo ungaweqi ungene esimobeni sakho.

- Faka i oda lika manyolo onconyiwe bese uqala wenze izinhlelo zokufaka.** Loku kuzokukusiza ukuze



kuthi kuqambe kufika isikhathi sokuwufaka, yonke into ibe isimi ngomumo ngaleyondlela umanyolo uyofakeka ngesikhathi esifanele.

Ngo-Ntulikazi/July

- Ilwa nokhula lwasebusika.** Funda kabanzi ngalokhu kuleliphepha-bhuku.
- Lungisa izigubhu zokufaka uphoyizeni nomanyolo** ukuze kuthi kufika



isikhathi sokuzisebenzia zibe zisemweni esilungele ukusebenza, ngaleyondlela awunakubambezeleka ezinhlelweni zakho zokufaka uphoyizeni nomanyolo.

- Hlola isifo uMbasha kwizi nkulisa-mbewu zakho.** Uma unenkulisa-mbewu (seedcane nursery), lesi isikhathi sokuthatha amasampula omoba kuyo ngosizo Iwabakwa Pest & Disease athunyelwe kwa SASRI ukuyohlowa ukuthi ngabe sikhona yini lesifo noma qha. Uma kwensiwe lokuhlolwa kwi nkulisa-mbewu yakho, enza isiqiniseko sokuthi uyayithola imiphumela ukuthi wazi ngezinyathelo okumele uzithathe uma sikhona lesifo ngoba uma sitholakale ukuthi sikhona wangenza lutho, ngeke ukwazi noma uvumeleke ukuyisebenzia noma ukuyidayisa leyombewu ngoba ingandisa noma isabalalise lesifiso.

Ngo-Ncwaba/August

- Qhubeka nokulwa nokhula lwasebusika, ukuhlola isifo uMbasha kwizi nkulisa-mbewu zakho, ukulungisa izigubhu zokufaka uphoyizeni nomanyolo ukuze kushaye isikhathi sokuzisebenzia zibe sezimi ngomumo ukuthi ungabambezeleki ekufakeni umanyolo nezibulala-khula.

## ILWA NOKHULA LWASEBUSIKA

Ngu: Petia Campbell, usosayensi wezokhula, SASRI

**U**kubulala ukhula emasimini kuyinto yazikhathi zonke, nasebusika kumele kuliwe nokhula ukuze isimoba sithole umswakama, umsoco nomoya okwenele. Ukhula luba inkinga ebusika ikakhulukazi kulawomasimu atshalwe ngo Masingana(January) kuya kuNdasa(March) ngoba kushaya isikhathi sasebusika engakambozi. Uma ubhekene nalenkinga, qinisekisa ukuthi uyabhekana nalolukhula olumila ebusika ungaluyeki uthi uyozie ulubulale entwasa-hlobo. Gcina lamasimu ehlanzekile engenakhula ubusika bonke kuze kufike intwasa-hlobo lapho ezobe esemboze khona.

Ukuqhakaza kotshani akuvamile uma kungashisi kakhulu, kepha uma kushisa ebusika ubabe tuyaye luqhakaze. Lokhu kudala cube nesidingo sokulwa nobabe. Lufake emasakeni ukuze lungatshaleki ngenkathi kuhlakulwa noma kufakwa izibulala khula.

Utshani obenabayo nabo budinga ukuqashelwa bungasuki kumabhande noma emigwaqeni yasepulazini lungene ensimini yomoba. Qikelela ukuthi unqenqema lwensimu luhlala luhlanzekile. Kumele ngoNcwaba(August)

luqashwe kakhulu ukwenzela ukuze lungandi noma lusabalale. Hlakula noma usebenzise izibulala khula ukulwa notshani obenabayo.

Ukhula olunamaqabunga amakhulu njengoaqadolo luba luningi ngenxa yezimvula zasebusika. Kumele kuliwe nalo luseluncane lungaphansana kwebhokisi likamentshisi. Faka izibulala khula eziqondene nokulwa nokhula olungakahlumi ukuze insimu yakho ihale ihlanzekile. Qinisekisa ukuthi umhlabathi uswakeme noma kubo ukuthi kulindeleke imvula maduze ukuze izibulala khula zisebenze kahle.

Uma izigubhu zezibulala khula sezinge-nalutho akuvumelekile ukuba zishiswe noma zisetshenziselwe eminye imisebenzi ngengokufaka udoti noma ukukha amanzi. Kumele zihashazwe kathathu, zibhotshozwe izimbobo, zihlafazwe bese ziyyiswa endaweni egunyaziwe yokulahla izigubhu ebezithwele izibulala khula. Umlimi angakwazi ukuzilahlela yena epulazini uma zincane ngokuthi aziggibe kepha lokho kumele ukwenze ngemvume yomnyango weZamanzi nezaMahlathi.

Asilandeleni imithetho ukuze siphephe ekuhlawulisweni.

# ISIFO UMBASHA (RSD)

## Ukubaluleka

- Umbasha isifo esibaluleke kakhulu emhlabeni ekukhiqizwensi komoba futhi siletha ukulahlekelwa kwisivuno.
- Lesisifo sijwayelekile ezingxenyeni eziningi zoMzansi Africa.



## Umthelela esivunweni

- Isifo umbasha sidala ukulahlekelwa okukhulu kwizinhlobo zomoba ezitshalwe eMzansi Afrca.
- Lesisifo sehlisa isisindo nesibalo/ubungako bezingoqo ezingayogaywa emshinini.
- Sidala ukulahlekelwa ngokwedlulele emahlumeleni.
- Ukushoda komswakama kuqquguzela umbasha okungaholela ekulahlekelweni isivuno.

Akuniselwa		Kuyaniselwa	
Uhlobo	Ukulahlekelwa esivunweni (%)	Uhlobo	Ukulahlekelwa esivunweni (%)
N17	38	N14	32
	30	NC0376	28
	26	N19	27
NC0376	17	N25	24
	16	N23	22
	15	N24	14

## Isifo umbasha singalawuleka

- Tshala kuphela imbewu ephekiwe (lokho okuwukuyicwilisa emanzini ashiza ngezinga u50°C amahora 2). Bulala amavolontiya (umoba ozimilelayo ungakatshali).
- Insimu iyeke ingatshaliwe okungenani izinyanga ezintathu.
- Cwilisa celemba kushibhoshi emva kwesikhashana uma ugawula imbewu.



## Umsebenzi ekulweni nesifo umbasha

## Imisebenzi

- ukubheka inhlanzeko kwimbewu.
- ukubheka isimo sesifo umbasha kumahlumela amadala azotshalwa kabusha.
- ukubheka isifo umbasha kumasimu akhiqiza ngaphansi kokulindelekile.
- ukwandisa ulwazi ngesifo umbasha khona kuzoqedwa ukubhebhethuka kwaso.

## UKUSAKAZWA KWEZINHLELO ZEZOLIMO EMSAKAZWENI

U SASRI, okuyisikhungo socwaningo Iwezomoba esise-Mandas-komu, naye uyingxenyenoma ubambe iqhaza ezinhlelwensi zokusakazwa kwezolimo eziteshini zomsakazo ezahlukahlukene lapha kwa Zulu-Natal. Loluhlelo luxhaswe uMnyango weZolimo ezeMvelo nokuthuthukiswa komphakathi wase makhaya.



Abalimi abanigi bayalulalela loluhlelo futhi bayaluthakasela kakhulu ngoba kuningi abakuzuzayo ngokulalela lezhinlelo. Abalimi baye baphinde bathole ithuba lokushaya ucinguma uhlelo lubukhoma, babuze imibuzo ngezinto ezibathinta ngqo.

Abalimi nomphakathi wonkana nje, uyakhuthazwa ukuba babe ingxenyenoyohlelo ngokulalela ngalezikathu ezilandelayo. Isihloko salenyanga kuzoba "UKUFAKWA KUKA KALIKA (lime) okuzobe kusakazwa kusukela kumhlaka 16 kuya ku mhlaka 18 ku Ncwaba (August).

IGAMA LOMSAKAZO	INDAWO ISITESHI SOMSAKAZO ESIKUYO	IGAMA LOHLELO	USUKU OKUSAKAZWA NGALO UHLELO	ISIKHATHI OKUSAKAZWA NGASO
SUNNY SOUTH (97.0 FM)	Port Shepstone	Ulimo Iwakho	Ngo Lwesine	05h00 - 05h35
UKHOZI FM (90.1 no107.5 FM)	Ethewekini	Cobela kufalaza mlimi	Ngo Lwesithathu	03h45 - 04h45
SIYATHUTHUKA (97.6 FM)	Ndwedwe	Thuthuka mlimi	Ngo Lwesibili	14h00 - 15h00
KHWEZI RADIO (90.5 no 107.7 FM)	Kranskop	Ezolimo nomnotho	Ngo Lwesithathu Ngo Lwesithathu (Impinda)	19h05 - 19h40 05h05 - 05h30
GOOD NEWS (93.6 FM)	Verulam	Ezolimo nezemvelo	Iwesithathu Ngo Lwesithathu (Impinda)	14h30 - 15h00 05h00 - 05h30
ICORA (100.4 FM)	Eshowe	Phezu komkhono	Ngo Lwesithathu Ngo Lwesithathu (impinda)	13h00 - 13h30 19h00 - 20h00
MAPUTALAND RADIO (107.6 FM)	Jozini	Xoshindlala	Ngo Lwesine	19h00 - 20h00
ZULULAND RADIO (97.0 FM)	Ulundi	Ezolimo eZululand	Ngo Lwesine	06h00 - 07h00

# UKUFAKWA KUKAMANYOLO NGOKUSEBENZISA IKOPI LIKAFISHI/LENHLANZI ELIKHULU (425ML)

Omanyolo bahlukaniswe ngokwezisindo zabo

Amaqoqo omanyolo ngokwesisindo	A	B	C	D	E
Umanyolo	Urea 1:0:1 (47) 1:0:1 (37)	4:1:0 (30) 5:1:5 (45) 5:1:5 (42) 5:1:5 (38) 4:1:1 (33) 4:1:1 (30)	2:3:2 (22) Zn 2:3:4 (30) Zn 3:2:1 (25) Zn	Amm. Supers 16 Saaifos 16 LAN Am. Sulphate	Amm. Supers +Zn Saaifos 16 + Zn KCl Supers 11.3%

Ibanga/ubunde ongafaka kubo umanyolo ogcwele ikopi ngokwezikali ezahlukene

Ukugqaqqana kolayini		0.91 m					1.00 m					1.07 m					1.22 m					1.37 m					1.52 m				
Amaqoqo omanyolo ngokwesisindo		A	B	C	D	E	A	B	C	D	E	A	B	C	D	E	A	B	C	D	E	A	B	C	D	E	A	B	C	D	E
Isikalo sikkamanyolo (kg/ha)	100	41.0	44.0	49.0	53.0	55.0	37.0	40.0	45.0	48.0	50.0	34.5	37.0	42.0	45.0	46.5	30.5	32.5	37.0	39.5	41.0	28.5	30.5	34.5	37.0	38.5	27.0	29.0	33.0	35.0	36.5
	200	20.5	22.0	25.0	26.5	27.5	18.5	20.0	22.5	24.0	25.0	17.5	18.5	21.0	22.5	23.5	15.0	16.5	18.5	20.0	20.5	14.5	15.5	17.5	18.5	19.2	13.5	14.5	16.5	17.5	18.0
	300	14.5	14.5	16.5	18.0	18.5	12.5	13.0	15.0	16.0	16.5	11.5	12.5	14.0	15.0	15.5	10.0	11.0	12.5	13.0	13.5	9.5	10.0	11.5	12.5	13.0	9.0	9.5	11.0	11.5	12.0
	400	10.0	11.0	12.5	13.0	13.5	9.5	10.0	11.2	12.0	12.5	8.5	9.5	10.5	11.5	11.5	7.5	8.0	9.2	10.0	10.0	7.0	7.5	8.5	9.5	9.5	7.0	7.5	8.0	9.0	9.0
	500	8.0	9.0	10.0	10.5	11.0	7.5	8.0	9.0	9.5	10.0	7.0	7.5	8.5	9.0	9.5	6.0	6.5	7.5	8.0	8.0	5.5	6.0	7.0	7.5	7.5	5.5	6.0	6.5	7.0	7.5
	600	7.0	7.5	8.0	9.0	9.0	6.0	6.5	7.5	8.0	8.5	6.0	6.0	7.0	7.5	8.0	5.0	5.5	6.0	6.5	7.0	5.0	5.0	6.0	6.5	4.5	5.0	5.5	6.0	6.0	
	700	6.0	6.0	7.0	7.5	8.0	5.5	5.5	6.5	7.0	7.0	5.0	5.5	6.0	6.5	6.5	4.5	4.5	5.5	5.5	6.0	4.0	4.5	5.0	5.5	5.5	4.0	4.0	5.0	5.0	5.0
	800	5.0	5.5	6.0	6.5	7.0	4.5	5.0	5.5	6.0	6.0	4.5	4.5	5.0	5.5	6.0	4.0	4.1	4.5	5.0	5.0	3.5	4.0	4.5	4.5	5.0	3.5	3.5	4.0	4.5	4.5
	900	4.5	5.0	5.5	6.0	6.0	4.0	4.4	5.0	5.5	5.5	4.0	4.0	4.5	5.0	5.0	3.5	3.5	4.1	4.5	4.5	3.0	3.5	4.0	4.0	4.5	3.0	3.0	3.5	4.0	4.0
	1000	4.0	4.5	5.0	5.5	5.5	3.5	4.0	4.5	5.0	5.0	3.5	3.5	4.0	4.5	4.5	3.0	3.5	3.5	4.0	4.0	3.0	3.0	3.5	3.5	4.0	3.0	3.0	3.5	3.5	3.5